AUDITOR-GENERAL SOUTH AFRICA

MEDIA RELEASE

1 Novemba 2017

Umcwaningimabhuku-jikelele ubika ngentuthuko yeminyaka emine, eshaya ngolonwabu kepha ebonakalayo, kuzwelonke nakohulumeni bezifundazwe ngemiphumela yocwaningomabhuku

EPITOLI – Namuhla umcwaningimabhuku-jikelele (auditor-general u-AG), uKimi Makwetu, umemezele imiphumela yocwaningomabhuku yezwelonke nolwesifundazwe olubonakalisa intuthuko, eshaya ngolonwabo, eminyakeni emine edlule.

Imiphumela isiyonke ifingqwe ngokulandelayo:

Imiphumela yocwaningomabhuku isiyonke (bonke okucwaningwe amabhuku abo)



A. Imiphumela yocwaningomabhuku kazwelonke neyezifundazwe

Ezingeni likahulumeni kube nentuthuko encane emiphumeleni, kube isibalo semiphumela yocwaningomabhuku olungenasici lukuma-30% okubalwayo sekukonke.

Ezifundazweni zaseNtshonalanga Kapa neGauteng ziqubukile nokuthola imiphumela ephuma phambili. Kusobala ukuthi kuqhutshekwa nale miphumela unyaka nonyaka, ngenxa yokuthi ubuholi bugcizelela usiko lokuba nesibopho sokuphendula. UMakwetu uqhubeke nokubona intuthuko emiphumeleni yocwaningomabhuku ezifundazweni ezimbili zaseMpumalanga Kapa kanye neLimpopo, okukhiphe le miphumela emihle yiqhaza lobuholi lwabagcinimafa besifundazwe kanye nondunankulu, ngokwahlukana kwabo.

Kolunye uhlangothi, imiphumela yaseMpumalanga, eNyakatho Kapa naKwaZulu-Natali beyilokhu ishintshashintsha eminyakeni emine edlule, edalwe ukungadembesela kobuholi ukubhekana nemisuka eyimbangela yemiphumela yocwaningomabhuku etholakele yalezi zifundazwe.

ENorth West naseFree State, uMakwetu ubalule "ukungabibikho kwesibopho sokuphendula nokuzinikela ekuphatheni ngendlela eqondile" njengalokho okudale ukuthi lezi zifundazwe zibe nemiphumela engemihle. Lesi sithombe asiguquki uma okunye kwalokho okudala ubungozi kuhambisana nokulawulwa kwezinkinga zokuphathwa kohlelo lokuthenga impahla (bheka isigaba F).

Imiphumela yocwaningomabhuku kazwelonke neyezifundazwe (bonke abacwaningelwe amabhuku)



Njengoba imiphumela yocwaningomabhuku iveze intuthuko ebonakalayo, inqubekela phambili ithiywe izimo ezinjengokungalandelwa ngokufanele kwemithetho nemithethonqubo, ikakhulukazi ekuphathweni kohlelo lokuthenga impahla, ukuqashwa ngokungafanele kwemiphumela yemiklamo esemqoka kanye nokwehluleka ukulawula ezezimali eminyangweni nasezikhungweni zikahulumeni ngokufanele.

B. Ucwaningomabhuku olungaqedwanga

Ngomhla zingama-31 Agasti, kwasekuqedwe ucwaningomabhuku olungama-25 (6%) - okwabonakalisa ukukhuphuka kwesibalo esisuka ku-13 wocwaningomabhuku olwalungaqedwanga ngesikhathi esifanayo ngonyaka odlule. Izizathu eziseqhulwini zalokhu kwaba ukuthunyelwa kwezitatimende zezimali emuva kwesikhathi noma ukungathunyelwa nhlobo kwazo kanye nemininingwane eyayisilele. Kucwaningomabhuku oluyisishiyagalolunye olusele lusale ngenxa yomzamo wezikhungo zikahulumeni ezingaphansi kweqembu leSouth Africa Airways (SAA) kanye nezinye izikhungo ezingaphansi kohlaka lwezokuthutha kanye namabhizinisi kahulumeni wokuxazulula izinkinga ezisaqhubeka nokubhekana nazo - amandla esikhungo okuqhubeka nemisebenzi yaso okungenani kwezinye izinyanga eziyi-12, ngaphandle kwesidingo sokuchithwa kwempahla noma ukuzibeka engcupheni yokuwa njengebhizinisi.

C. Isimo sobungozi kwezezimali kwalabo okucwaningwa amabhuku abo

Ukukhathazeka ngesimo esikhathazayo esiqhubekayo, njengoba sicashunwe ngenhla, kuza ngaphansi kwesisekelo sokwehla kwesimo sobungozi kwezezimali salabo okucwaningwa amabhuku abo.

"Sekukonke, kunesimo esiqubukayo eminyangweni wokwehluleka ukuphatha izimali zayo ngendlela eyiyo. Eminye iminyango ayibakhokhelanga labo ebakweletayo ngenkathi kuqala ukusebenza izabelomali zayo ngakho igweme ukusebenzisela imali izidingo ezingahlelelwanga, kodwa kube sekukhokhwa ngonyaka olandelayo, okudale ukuthi kusetshenziswe imali ebeyibekelwe eminye imisebenzi."

Imininingwane eyendlalwe esithombeni esisekhasini elilandelayo ihlinzeka ngemininingwane efinyeziwe yalabo okucwaningwa amabhuku abo abanezimpawu ezibonakalisa ukuba sengcupheni ngokwezimali:

Imininingwane efinyeziwe yalabo okucwaningwe amabhuku abo okubonakale esengcupheni ngokobungozi kwezezimali.



D. Izikhungo ezingaphansi kukahulumeni

Imiphumela yocwaningo lwamabhizinisi kakahulumeni (ama-SOE) iqhubekile nokwehla - okudalwe kakhulu ukungabibikho kwezindlela zokulawula, ukulandelela nokuqapha. "Isibopho sokuphendula ngemali echithwe uhulumeni kuma-SOE sisemehlweni omphakathi, njengoba uxhaso namagaranti kahulumeni esetshenziselwa ukuqhubekisa amanye ama-SOE," kusho u-AG.

Isithombe esikhasini elilandelayo siveza imiphumela yocwaningomabhuku lwama-SOE ayi-19 eminyakeni emine.

Imiphumela yocwaningomabhuku lwama-SOE eminyakeni emine edlule



4

"Izinga lokuqapha leminyango ama-SOE abebika kuyo beyingafani, futhi beyingekho indlela eyodwa yokubhekana nalokhu. Ubuholi bezepolitiki bebungahambisani nhlobo - kwamanye ama-SOE bebezibandakanye kakhulu, kube kwamanye ukuthathwa kwezidingo obekudingeka kanye nokucatshelwa indlela ngokwezinqubomgomo bekungenele," kusho u-AG.

Izikhungo zikahulumeni sezizonke zibonakalise ukuthuthuka okuncane eminyakeni emine edlule, kube ama-22% alokhu abonakalisa ukuthuthukiswa kwemiphumela yocwaningomabhuku kanye nokwehla okungama-14%.

Imiphumela yocwaningomabhuku ezikhungo zikahulumeni eminyakeni emine edlule

E. Imiphumela yokuphatha nokuhlinzeka ngezinhlelo eziseqhulwini

Ukuze kubonakaliswe ukubaluleka kwesibopho sokuphendula ngokusetshenziswa kwemali kahulumeni kanye nomthelela wokuphathwa kwezimali ngendlela engafanele kanye nokuphathwa kokuqhutshwa komsebenzi ngendlela engeyiyo ekuhlinzekweni ngezinhlelo zikahulumeni eziseqhulwini, umbiko kamcwaningimabhuku ubandakanya imiphumela yokuphatha nokuhlinzeka ngezinhlelo ezinhlanu ezisemqoka okubandakanywe ezilinganisweni zezindleko zikazwelonke (ENE) zowezi-2016-17.

Lezi zinhlelo, ebezabelwe imali ehlanganisiwe engu-R58.5 wezigidigidi, ziyalandela:

1. ukuthuthukiswa kwenqalasizinda yezamanzi
2. uhlelo lwemisebenzi kahulumeni olungezelwe
3. ingqalasizinda yesikole
4. ukutholakala kokudla kanye nokubuyisela imisebenzi yokulima
5. uxhaso lokuthuthukisa izindlu.

U-AG ubike ukuthi kubonakale ukuthi lezi zinhlelo aziyifezanga imigomo egqanyiswe ku-ENE noma akubikwanga ukuthi ingabe imigomo ifeziwe na yize isabelomali sisetshenzisiwe. Ukungalandeleli ngendlela eyiyo kanye nokungazibopheleli ezibophweni zokuohendula ngempahla nezikweletu okuphathelene nezinhlelo yikho obekuvame kakhulu ukudala imiphumela yalolu hlobo.

U-AG uthe: "Yize ukusetshenziswa kwama-ejenti okuqalisa imisebenzi kuvame ukuba indlela eba nempumelelo ekuhlinzekweni kwezidingo, iminyango ayizange ikuphathe ngendlela eyiyo futhi ayizange iphendule ngokufanele ngemiklamo eyenziwe yilama ejenti. Eminye yemiklamo exhaswe ngalezi zinhlelo ibonakalise ukuntengantenga okukhulu ngokungahlinzekwa kwezidingo ngesikhathi, umsebenzi okuzingaqophelo elingalungile kanye nokungaphathi ngendlela eyiyo."

F. Ukuphathwa kohlelo lokuthenga

Izinselele ngokuphathwa kohlelo lokuthenga impahla zisale njengalokho okunesandla kakhulu emiphumeleni yocwaningomabhuku engemihle.

Ukusetshenziswa kwemali okungahlelelwe kuyanda

Ukusetshenziswa kwemali ngendlela engahlelelwe kukhuphuke ngama-55% kusukela ngonyaka odlule kwaya ku R45,6 wezigidigidi. U-AG uthi leli nani lingaba likhulu kakhulu, njengoba lingabandakanyi ukusetshenziswa kwemali okungahlelelwe kwalabo okucwaningwe amabhuku abo lapho ucwaningomabhuku lusaqhubeka (okubandakanya i-PRASA lapho ukusetshenziswa kwemali okungahlelelwe kwacishe kwafinyelela ku-R14 wezigidigidi). Phezu kwalokho, ama-25% alabo okucwaningwe amabhuku abo adalule ukuthi babe nakho ukusetshenziswa kwemali okungahlelelwe kepha imali ephelele beyingaziwa, kube abangama-28 okucwaningwe amabhuku abo abe nogcobho njengoba imali abebeyidalulile beyingaphelele.

Isithombe engezansi siveza isimo sokusetshenziswa kwemali okungahlelelwe kweminyaka emine, okungabandakanyi ucwaningomabhuku okungaqedwanga ngosuku okukhishwe ngalo lo mbiko.

Isimo sokusetshenziswa kwemali okungahlelelwe eminyakeni emine



Ukuba ukusetshenziswa kwemali okungahlelelwe kwalabo okucwaningwe amabhuku abo okungaqedwanga ngosuku lwalo mbiko bekudidiyelwe kulokhu okungenhla, imali ephelele yokusetshenziswa kwemali ngokungahlelelwe beyizokhuphuka ifinyelele ku-R65 wezigidigidi.

UMakwetu uthe lokhu kukhuphuka okukhulu kungaqondiswa ekuqhubeni kohlelo lokuphathwa kokuthengwa kwempahla oluntengantengayo. Ubalule ukuthi "yize kuvumelekile ukuthi kuchezukwe, kutholakale ukuthi ezikhathini eziningi bekungagunyazwanga; noma, uma kugunyaziwe, ukuchezuka bekungenasigqi noma kungachazeki".

Okucwaningwe amabhuku abo KwaZulu-Natali, eFree State, eLimpopo naseMpumalanga Kapa bathole imiphumela ebonakalisa ukukhuphuka okukhulu kwezokusetshenziswa kwemali okungahlelelwe okukhulu uma kuqhathaniswa nonyaka odlule. Izinhlaka ezibe namanani amakhulu kakhulu okusetshenziswa kwemali okungahlelelwe kube uMnyango Wezempilo (R11 777 wezigidi), uMnyango Wezokuthutha (R6 378 wezigidi) kanye noMnyango Wezemfundo (R6 090 wezigidi).

Abasebenzi abaqhuba ibhizinisi nohulumeni bengadalulanga njengoba kulindelekile

Umbiko ka-AG uqhubeke wadalula ukuthi akubanga khona ntuthuko ekubhekaneni nokukhathazayo okuphakanyiswe ihhovisi lakhe unyaka nonyaka emuva kokuba abasebenzi kanye nemindeni yabo benikwe izinkontileka ngaphandle kokudalula ukuba nentshisekelo.

UMakwetu ugcizelele ukuthi yize ungekho umthetho onqanda ukunikwa kwabahlinzeki bezidingo ngomsebenzi lapho abasebenzi bahulumeni benentshisekelo, uMthethonqubo Ochitshiyelwe Wemisebenzi Kahulumeni unqanda abasebenzi beminyango ekuqhubeni amabhizinisi nohulumeni kusukela ngomhla ka 1 Agasti 2016. Ukugcinwa kwale mithethonqubo kulele kubasebenzi beminyango, kodwa iminyango inomthwalo wokuvumela nokuqapha ukuthi uyagcinwa. "Ngokususela kulokho okutholakele ezinyangeni eziyisithupha zokuqalisa, kubonakala sengathi lo mthwalo awunakiwe ngendlela okulindeleke ngayo," kusho u-AG.

Umthelela wezinselelo zokuphathwa kokuthengwa kwempahla esimweni sokuba sengcupheni sezifundazwe

Okuphambana nocwaningo lwezifundazwe okuhlinzekwe kusigaba A, umbono wezinselele eziphathelene nohlelo lokuthenga impahla lushintshe isimo njengoba iNtshonalanga Kapa neGauteng zizithola zisesigabeni esimaphakathi kwezengcuphe kube izifundazwe iMpumalanga Kapa, iLimpopo kanye neKwaZulu-Natali zidlulele kulezo ezikeliswe ezingeni elisengcupheni ephezulu kakhulu. Izifundazwe iFree State, iMpumalanga, iNyakatho Kapa kanye neNorth West kubikwe ukuthi zisezingeni elisengcupheni ephezulu kakhulu uma kubukwa ukuphathwa kohlelo lokuthenga. Izwe lilonke lizithola lisesimweni esisengcupheni emaphakathi-kuya kwephezulu. Leyo ngcuphe ibeka isimo sezimali seminyango kanye nezikhungo engcupheni enkulu, kube kunamathuba omthelela omubi ongase ube khona ekuhlinzekeni ngemiklamo esemqoka.

G. Ukulawulwa Komonakalo

U-AG uveze ukuthi abaningi abacwaningiwe bebenezinqubomgomo ezidingekayo kanye nezinqubo zokuqinisekisa ukuthi ukungalandelwa kwezimiso kanye nokukhwabanisa kuyahlonzwa futhi kuthathelwe izinyathelo, kodwa bakhetha ukungakusebenzisi lokhu - okucacise ngokusobala ukuthi kunokusilela ekuzibophezeleni esibophweni sokuphendula. Kucwaningomabhuku olungama-99 oluqhutshwe yihovisi lakhe lapho kube nezinsolo zokuphathwa kwemali kanye nohlelo lokuthenga impahla

okwenziwe ngendlela engamukelekile nangokukhwabanisa, ingxenye yokuthathu ayizange ilwenze uphenyo ngezinsolo futhi uphenyo olungama-32% lwenziwe esikhathini esingaphezu kwezinyanga ezintathu.

Uqhubeke waxwayisa ngokuthi "Inqobo uma bungekho ubuholi bezepolitiki, abaphathi abakhulu kanye nezikhulu abasibeki eqhulwini isibopho sokuphendula nokungalandelwa kwezimiso, ukusetshenziswa ngokungahlelelwe kwemali, ukusetshenziswa kwemali okungagunyazwanga nokusetshenziswa kwemali okungenanzuzo nokuwukuyisaphaza kanjalo nokukhwabanisa kanye nokwenziwa kokungalungile kuzoqhubeka. Isimo esintengantengayo ekulawulweni komonakalo siye sifukamele inkohlakalo nokukhwabanisa, kanti futhi izwe angeke likwazi ukuvumela ukulahleka kwemali okuhloswe ngayo ukuthi isebenzele abantu".

H. Ukuphikisana nemiphumela yocwaningomabhuku

UMakwetu udalule ukuthi isimo sokuphikisana nemiphumela yocwaningo yehhovisi lakhe uqhubekile futhi waqina kakhulu ngowe-2016-17, okuholele ekubambezelekeni kweminye imiphumela yocwaningo.

"Kwamukelekile kulabo esicwaninga amabhuku abo ukuthi babe nemibuzo noma baphonsele imiphumela yocwaningo inselele, ngokususela ebufakazini kanye nokuchazwa ngokusetshenziswa kwezimali okunesigqi noma okunesisekelo somthetho. Siyazisa nokuthi okuningi okuphathelene nezokubala kanye nezomthetho okubhekanwe nakho kucwaningomabhuku kuyadida futhi kuvame ukuba nezincazelo ezahlukene," esho ecacisa.

Kodwa uMakwetu uqinisekise ukuthi abanye okucwaningwe amabhuku abo acindezela amathimba enza ucwaningomabhuku ehhovisini lakhe ukuthi ashintshe iziphetho ukuze kugwemwe imiphumela yocwaningomabhuku engemihle noma ukudalulwa kokusetshenziswa kwemali okungahlelelwe - ngaphandle kwezizathu ezanelisayo.

Isiphetho

Uthe “Njengamanje kugxilwe kakhulu eqhazeni labacwaningimabhuku kanye nejoka labo elingokwezinkambisonhle lokubika ngokusetshenziswa nokuphathwa kwemali ngokungafanele. Besilokhu sibika ngaphandle kokwesaba nokuchema, mayelana nokungaphathwa kwemali ngokufanele nangokungaqhutshwa komsebenzi ngokufanele, ukwenziwa kokungafanele kanye nokuphulwa kwezimiso - futhi

bekuvame ukudluliswa umyalezo owodwa unyaka nonyaka. Ohlakeni lukahulumeni, abacwaningimabhuku bahlala bengalalelwa futhi imiyalezo yethu ayigqizwa qakala. Kulo nyaka wokuphatha, sibiza abaqaphi ukuthi bawubhekisise lo mbiko futhi baqinisekise ukuthi kuyaphendulwa ngakho konke imali kahulumeni esetshenziselwekhona."

UMakwetu uthi ihhovisi lakhe lisazimisele ngokusebenza ngokuzikhandla ngokomsebenzi eliwunikiwe ukuze liqinise ukuphathwa kwezimali nokuqhutshwa komsebenzi kohulumeni kuzwelonke nasezifundazweni, ngokugcizelela isidingo sokwenza okuyisisekelo ngendlela efanele; ngakho indikimba yalo mbiko ukuba nesibopho sokuphendula ngokusetshenziswa kwezimali kuhulumeni: kuseke ohlelweni kuye kubantu.

Uphethe ngokuthi "Isibopho sokuphendula kanye nokuphatha okuhle kuwumnyombo wokwakha ukuhlinzeka ngezidingo ngokushesha, ngempumelelo nangendlela eqonde ukuletha intuthuko. Isibopho sokuphendula sisho ukuthi ubuholi buyaphendula emphakathini futhi butshatha ijoka ngalokho okwenziwe, izinqumo kanye nezinqubomgomo. Le mibono umphakathi onentshisekelo ngayo nesibopho sokuphendula igxiliswe kumthethosisekelo wezwe kanye nomthetho olawula uhulumeni kuzwelonke nasesifundazweni".

Ishicilelwe: Umcwaningi-Mabhuku waseNingizimu Afrika

Imininingwane yokuxhumana: Africa Boso • (012) 422 9880 • Africab@agsa.co.za

Landela i-AGSA kuTwitter: AuditorGen_SA

Isaziso sabemithombo yezindaba: Umbiko Odidiyelwe owujikelele ngemiphumela yocwaningomabhuku lwezasemakhaya lwe-PFMA oluqukethe amazwibela atholakala ku-www.agsa.co.za. Umbiko okhishelwe abemithombo yezindaba kanye nombhalo ohunyushwe ngesiZulu, isiXhosa, isiNdebele, iSiswati, iSesotho, iSepedi, iSetswana, isiVenda, isiTsonga kanye nesiBhunu kuzotholakala kuwebhusayithiyethu..

Mayelana ne-AGSA: I-AGSA iyisikhungo socwaningomabhuku esikhulukazi sasezweni. Yiyo kuphela eyisikhungo, ngokomthetho, okumele sicwaninge amabhuku futhi sibike ngokuthi uhulumeni uyisebenzisa kanjani imali yabakhokhintela. I-AGSA igxile kulokhu kusukela ekuqalisweni kwayo ngowe-1911 – le sikhungo sibungaze iminyaka eyikhulu siqhuba umlando wocwaningomabhuku ngowezi-2011.